

BOMNUMZANA, SITHANDA UKUBONA UJESU



Masikhothamise amakhanda ethu manje ukuba sikhuleke.

² Baba wethu oseZulwini, silokuthokoza Kuwe, lobubusuku, ngezithembiso esilazo kuli ngoma. Siyabona nje umfana olesithuthwane kulokho kuhlukuluzeka, ubaba wakhe esiza ukuhlangana Lawe, futhi ecela nxa Ungaba lesihawu. Futhi Wathi, “Ngingakwenza nxa ukholwa. Zonke izinto ziyenzeka kulabo abakholwayo.”

³ Wathembisa ukuthi Awusoze usilahle kumbe usitshiye. UMBhalo uthi Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Futhi nje Ungothandayo, lobubusuku, ukusilisa imikhuhlane yethu njengalokhu Owawuyikho lesosikhathi, ngoba Ungofanayo. Futhi Wathembisa eLizwini Lakho ukuthi izinto Owazenzayo, sizazenza lathi. Leso yisithembiso Sakho, futhi siyakwazi ukuthi siliqiniso.

⁴ Ngakho makuthi zonke lezi izithembiso ezinkulu, Nkosi, zigwaliseke ebantwaneni Bakho lobubusuku, ukuthi munye lamunye angemukela lokho abakulandileyo. Futhi lapho inkonzo izakuvala lintambama, futhi sihambe emakhaya ethu ahlukeneyo, masikhulume phakathi kwethu njengalabo ababuya bevela eEmawusi lolosuku. Wawuhamba labo usuku lonke, futhi abazange babeKwazi. Kodwa lobobusuku, lapho Usiba labo bebodwa ekamelweni, Wenza enye into njengaleyo Owayenzayo ngaphambi kokubethelwa, into okungela omunye owake wayenza nje ngaleyo ndlela. Futhi bananzelela ngalokhu Owakwenzayo, ukuthi WawunguKhristu ovukileyo. Futhi bathi, “Inhliziyo zethu kazivuthanga yini ngaphakathi kwethu lapho Ekhuluma lathi endleleni?”

⁵ Siyakhuleka ukuthi Uzaphenduka kithi, lobubusuku, Nkosi. Abantu laba abalutshwane nje, kodwa Wathi, “Nxa ababili kumbe abathathu bebuthene eBizweni Lami, Ngizakuba phakathi kwabo.” Leso yisithembiso Sakho, Nkosi, futhi siyasikholwa ukuba liqiniso. Silindele manje, eBizweni leNkosi uJesu, ukuqiniswa kweLizwi Lakho. Amen.

Lingahlala phansi.

[Umzalwane upha isiprofetho—Mhl.]

⁶ Amen. Ukubonga kakube kuBaba wethu oseZulwini ngaleyo nkuthazo enkulu. Ukuthi kufanele kusenze sizwe njani, inkonzo ingakaqalisi, Usiphe isithembiso ngomoya wesiprofetho, ukuthi sizakuMbona phakathi kwethu phakathi

lapha. Manje, kunjalo yini? Ngeqiniso kunjalo. Kuvela kuNkulunkulu. Into yonke evela kuNkulunkulu ihlezi iqondile. Libusiswe iBizo leNkosi.

⁷ Ngilokubonga kakhulu ukuba ngiphila esikhathini lapho uMoya kaNkulunkulu uphakathi kwabantu Bakhe, ubizela, usehlukanisa iBandla ukulisa eKhaya, okwensali ezasala emhlabeni lapho Esiza, ukuthi yamukelwe phezulu emaNkulunkulu. Ngilokubonga kakhulu ngakho.

⁸ O, leli lihola elikhulu. Ngi—ngiyathokoza kakhulu ukuba ngiphila lapha. Liyazi, uMose wayengabe ethandile ukuba ephile kulesi sikhathi. Bonke abapostoli babengabe bethandile ukuba baphila kulesi sikhathi. Futhi nanku silapha, siphila kulesi isikhathi, futhi siphila ngaphansi kwamathuba ethu. Ukuthi uNkulunkulu ufuna ukubusisa njani abantu Bakhe.

⁹ Manje, liyazi, siyatshelwa ukuthi usuku lapho iNkosi isiza, kuzakuba sengathi akukhangelelwanga, futhi ibandla lizakuba liphola. Futhi ngisanda kuqeda nje, ethabhanekelini lami ngekhaya, nge—ngezikhathi zebandla eziyisikhombisa zokucina. Futhi kuyaphuma... kusethephini manje, futhi ku, ngathatha isikhathi sebandla ngasinye, ubusuku ngabunye, ngenza *IziKhathi zeBandla eziyisiKhombisa*, eziyisikhombisa zokucina... izinti zezibane, lezithunywa eziyisikhombisa zezikhathi zebandla futhi... .

¹⁰ Mina, kukho konke... angisuye umtshumayeli kangako, kodwa konke lokho engi... umzamo wonke engiwubeke eNkosini empilweni yami yonke, angikholwa ukuthi kwake kwasebenza njengalokho okwakuyikho.

¹¹ Ngoba masinya lapho ngisehla, futhi ngingazi ukuthi ngidwebeni lezi izikhathi zebandla ebhodini, ngitshengisa nje ukuthi nguMoya oNgcwele onganani oweza esiKhathini seBandla leEfeso, khona-ke kusehla phansi kusiya kuSemerna, lePhegamosi, leThiyathira, futhi kusiya kuphuma, futhi nxa leyo Ngilosi yeNkosi, lokho kuKhanya, Kwabuya khona phakathi phambi kwabantu abangamakhulu amathathu, kwaZihambisa khona emdulwini, futhi kwadweba ngalokho kuKhanya okuyisigombolozu, ngendlela nje engadweba ngayo izikhathi zamabandla, futhi kwatshengisa khona kanye ukujula okufanayo lento yonke, lapho kusiya kusedlula, lapho abantu abangamakhulu amathathu beklabalala, lokukhala, futhi beKukhangele ohlangothini lomduli. Ngani, Kwama phandle lapha, futhi kwaZitshengisela emdulwini futhi kwenza leyo nto efanayo.

¹² Futhi balakho kudwetshiwe manje lapho, emfanekisweni, futhi kumile ethabhanekeli. Mnu. Arganbright, umfowethu oligugu othandekayo, usanda kusuka phezulu lapho, futhi wahamba phezulu ukukhangela kikho, lapho okwakukhona emdulwini.

¹³ Siphila nje esikhathini esikhulu sibili. Kodwa ngiyesaba ukuthi kasi. . . kumele sizincwebe kancinyane futhi sinyikinye kancinyane ukufumana nje lapho esikhona.

¹⁴ Ngihlezi ngisithi, futhi ngenza lesi sitsho: Ngithola inhlobo ezimbili zabantu lapho ngihamba emhlabeni. Labo ngamaPhentekhostali abokuqala, labanye abezisekelo.

¹⁵ Manje, abantu abezisekelo bayazi isikhundla abakiso kuKhristu ngesithembiso seBhayibhili, kodwa abemukelanga uMoya oNgcwele ukwazi ukuthi bangobani, kumbe, babe lokholo. Manje, abantu bamaPhentekhosti bamukele uMoya oNgcwele, kodwa kabakwazi ukuthi bangobani. Bona? Ngakho kufana lomuntu olemali ebhanga, futhi engakwazi ukubhala itsheki; omunye engabhala itsheki, futhi engelamali ebhanga.

¹⁶ Manje, nxa ungathatha labo ababili ndawonye! Nxa abantu bePhentekhosti bengahlaliseka ngokwabo! Njengoba ngitshilo ubusuku bayizolo (Ngiyakholwa ngeqiniso lokhu ngenhliziyo yami yonke.), ibandla lePhentekhosti lalisesimweni esingcono. . . Nga—ngangingasuye mtshumayeli kulezo nsuku, futhi angicabangi ukuthi nganginguye, mhlawumbe ngangingekho emhlabeni kulezonsuku. Kodwa imihlangano emidala yeAzusa Street elikhuluma ngayo kangako, futhi ngabala amabhuku ngayo, ibandla lePhentekhosti lasekuqaleni, iminyaka engamatshumi amathathu kumbe amatshumi amane emuva, lalisesimweni esingcono sokubuya kweNkosi kulalokhu abayikho manje. Sibili babe ngamaKhristu azithobileyo sibili, futhi bakuphila. Bakukholwa.

¹⁷ Manje, *sizehlukanisile*, futhi silenhlanganiso zethu lenhlanganiso zamasonto ezime ngezigaba. Futhi silabazukulu abangeniswe ngokuthathwa lokunjalo. Asila mzila omdala wamaPhentekhostali lawo ayevame ukufa kulokho ababeyikho futhi baphutshe sibili sibili ngoNkulunkulu, lolo kholo oluqotho sibili. Bacela nje uNkulunkulu, futhi babagcoba ngamafutha, futhi baqhubeka futhi basiliswa.

Lamuhla uNkulunkulu engehla phansi futhi aZitshengise ngesimanga, khona phakathi kwabantu lakho konke, futhi, uthi nje, “Awu, ngithemba lokho bekukuhle sibili.”

¹⁸ Ube lemfundiso enengi kakhulu, udinga ukukhanya okutsha. Yikho lokho uEva ayekudinga lapho waba lamehlo akhe ekhutshwa. Bona, buyela nje eBhayibhilini futhi uhlale lendlela endala. Ungatshiyi leyo ndlela endala yothando lokuqala, futhi lento yokuqala eyabuya kuwe. Philani loMoya oNgcwele. Lingangeni ekuhlahlatheni iganga. Hlalani loNkulunkulu, khona eLizwini Lakhe. Futhi uMoya oNgcwele kawusoze ukwenze wenze into ephekisana laleliLizwi. Kuzahlala khona eLizwini, ngoba i—iLizwi nguNkulunkulu.

¹⁹ Ubusuku bayizolo bengikhuluma ngesifundo *seZinkangelelo*, futhi lobubusuku, bengizakhulekela abagulayo.

Manje, kungxenye ezayo, elandelayo, kusasa ebusuku siqala, sifuna ukuqalisa kuhlobo loMbiko wokuvangela, mhlawumbe *UkuBuya KweNkosi, UPhawu LweSilo, UPhawu LukaNkulunkulu, Inkulungwane Ezingamakhulu Lamatshumi Amane Lane, Abagadi Abane Bamabhiza BakaSambulo*. Ngani, ngiyakholwa imibiko leyo yilokho okufanele sikuhambise ebantwini, ukubavusa, ukubanyikinya, ukubatshengisa ukuthi si... Ngibone impumela enkulu *EziKhathini zeBandla eziyisiKhombisa*. Ngizahamba ngakulokho njalo, nxa ngicabanga ukuthi kungasiza lapha. Ukuthi kanjani i... UNkulunkulu wakubusisa.

²⁰ Manje, mangixwayise abantu, njalo njalo: Ungakhangeleli ukunyikinya kokucina kukaNkulunkulu eBandleni ukuba yinto yomhlaba wonke jikelele. Kakuyi kuba njalo. KuseBandleni. Yizinto ezinkulu ezizakwenzakala ngabantu phakathi kwengcosana encinyane. Yilo iqembu elincinyane uNkulunkulu alinyikinyayo ukulilungiselela, lihambe. Bona sebehambile kungenani. Bona? Manje, lokho kuseMbhaweni leBhayibhili.

²¹ Kungasikude umalusi wedolobho elikhulu elithile weza kimi, futhi wathi, "Awu, sengisiba mdala." Wathi, "Bengilapha okweminyaka engamatshumi amabili lokunye, futhi saba leminye yemihlangano elamandla." YiChicago, nguMattsson-Boze.

²² Wathi, "Ngalangazelela, Mfowethu Branham, futhi ngeza lapha futhi ngaba lesiprofethi esivela eNkosini nxa ngingabuya lapha, Ngangibona isandla esilamandla sikaNkulunkulu sinyikinya lindawo ngaphambi kwesikhathi sokuhamba."

²³ Ngathi, "Mfowethu Joseph, ngokweqiniso," ngathi, "uyisazi sesayensi yenkolo esikhulu, futhi uyindoda enkulu e...uDokotela wezeNkolo. Akula kuthandabuzwa ngalokho. Ngangingeke ngikuthinte." Kodwa ngathi, "Kodwa mfowethu oligugu, ulokudalula kukamoya okungenelanga."

²⁴ Yikho lapho ibandla elikweqa khona lamuhla, yilokho kudalula kukamoya ukubona lokho uNkulunkulu akwenzayo. Futhi bakhangelela ngangale phezu kwenye into lapha ethathindawo khona lapha, futhi kuzakuba sokwedlule ungakabikwazi.

Kazange atsho yini uJesu ngoJohane...? Abafundi bathi, "Kungani ababhali besithi ukuthi uEliya kumele abuye kuqala?"

²⁵ Wathi, "Sevele wabuya futhi abazange babemazi." Yikho. Kabazange babemazi uElija ukuthi wayengumprofethi, sibili, kodwa iBandla nje. Babengabe bengamphathanga, babengabe bengambizanga "mpabanga," futhi baqhubeka kanjalo. Abazange babe kwazi.

²⁶ Babengakwazi ukuthi uJohane wayenguprofethi kaNkulunkulu weqiniso sibili. Babecabanga ukuthi waye

yindoda ehlangayo phandle-le enkangala, ezama ukugalulisa abantu emanzini. Kodwa akazange ahambe emadolobheni lezinto. Wahhala phandle enkangala, ongaqedakaliyo, ongajwayelekanga. Futhi bacabanga ukuthi wayedlulisa amalawulo, indlela ayegqoka ngayo. Kodwa iBandla, iBandla elibizweyo, elabizelwa ukubona lokho, bananzelela ngokuphangisa ukuthi wayengumprofethi.

²⁷ Babengazi uJesu ukuthi wayeyiNdodana kaNkulunkulu kwaze kwathi Esefile, futhi wangcwatshwa, futhi wavuka njalo. Abanengi babo kabakwazi khona lamanje lamuhla. Kuliqiniso. Kabazange babe kwazi, ba . . .

²⁸ Ibandla leKatolika kalizange lamukele uPatrick oNgcwele. Izikolo zakhe zonke zazise Northern Ireland. Waphikisa obhishopi beKatolika, futhi manje bamenza ongcwele. Ngani, ibandla leKatolika latshisa uJoan waseArc, ekhala esigodweni, ngoba bathi wayengumthakathi. Inkazana yayibona imibono. Wayeyinceku kaNkulunkulu. Sonkungaba yiminyaka elikhulu eyalandelayo bakunanzelela, emva kokuba esefile futhi esengewatshiwe. Ngakho baphenduka, bagebha yona imizimba yabapristi abambulalayo, bayiphosela emfuleni.

²⁹ Abazange babe kwazi kwaze kwedlula, futhi uMoya Ongcwele unika iBandla ukubizwa kwalo kokucina manje, futhi esenza khona kanye lokho iBhayibhili elakutshoyo ukuthi lizakwenza, futhi abantu bePhentekhosti bayampuphutha ngaphezu kwakho, bekhangelele olunye ulutho. O, minabo. Lingakwenzi lokho, ngiyacela.

³⁰ Lalelani. Nxa sikhangelele uKhristu ukuthi abuye . . . Liyakukholwa lokho? Awu, nxa sikukholwa, asenzi njengakho. Singakhangelela njani uKhristu ukuthi abuye, futhi sifaka amadola ayizigidi ayisithupha esakhiweni? Ukuthi uthola kanjani lezi izinto ezinkulu sibili, likhuluma ngoKhristu esiza? Ngani, mfowethu, kufanele, sibesithatha, silungiselela ukuHlwithwa, hatshi okweminye iminyaka emgamakhulu amahlanu okuhlala lapha emhlabeni. Bona?

³¹ Kulenye into ephambanisekileyo. Akuhlangani nje ngenye indlela. Aku—akulangqondo kimi. Ngezithelo zabo . . . Ungakukhuluma ngendebe zakho, kodwa ngenhliziyo yakho. Bona?

Wena uthi, “O, yebo, ngiyakholwa uKhristu uyeza.” Kodwa izenzo zakho zitshengisa okwahlukileyo.

³² Aluba indoda itshele umkayo ukuthi iyamthanda khona—ke ibe isihambisana lomunye umfazi. Bona? Izenzo zikhuluma kakhulu ukwedlula amazwi. Kunjalo. Kungela ndaba lalokho esikutshoyo ngendebe zethu, ukwenza kwethu kufakaza lokho sibili okusenzelisiyweni yethu. Yikho lokho uJesu akutshoyo: “Bazenzisi, lingakhuluma njani izinto ezinhle? ngoba ngokugcwala kwenhliziyo uyakhuluma umlomo,” Bona? Futhi

nxa kungesikho, khona-ke yikuzenzisa. Ngakho uyabona lapho uNkulunkulu angasibeka khona? Kuleso Sikhathi seBandla leLawodikeya, elibuthukuthuku, ekhuluma ngendebe zakhe, kodwa inhliziyoy yakhe ikhatshana.

³³ O Nkulunkulu, masibuyisele leyonto emuva. Kasehleri phansi kuNkulunkulu. Kasehleri phansi eMbalweni futhi sifike phansi lapho size sibuyisele sibili iPhentekhosti enhliziyweni yomuntu, hatshi ukuthi ibuyele enhlanganisweni, kodwa ibuyele enhliziyweni zabantu ezinhlanganisweni. Bona? Yikho okumele sikwenze. Ngakho uNkulunkulu asisize liviki ukukwenza.

Ngiyakhuleka, ngizila, ngilindele kuNkulunkulu. Ngifuna ukwenza ingxenye yami lapho ngisaselapha eCalifornia. Wena yenza ingxenye yakho. Phuma ungenise abantu phakathi.

³⁴ UNkulunkulu wenza izinto ezinkulu lamuhla ukwedlula ezake zazakala kusukela uJesu Khristu esemhlabeni. Kunjalo. Futhi kweqa ngaphezu kwamakhanda abantu, futhi bayeqa ukukubona. Yiyo ingxenye embi.

³⁵ Aluba bebewazile kuphela, njengoJesu wathi—wathi nge—nge...wathi, “Nxa belulwazile kuphela usuku lwenu, nxa belilwazile kuphela! Jerusalema, Jerusalema, bengithanda kangani ukukufukamela, njenge sikhukhukazi sisenza amatsiyane aso, kodwa kawuvumanga. Aluba wawazile kuphela usuku lwakho, ukuvakatshelwa kwakho!”

³⁶ Yiyo indlela okuyiyo lamuhla. Kuhlezi kunjalo; yikho okuyikho manje. Aluba sasazile usuku lokuvakatshelwa. Kodwa ukuvakatshelwa kuyedlula, futhi abantu bakhangele ngaphezu kwalapha okwenye into. Futhi into yokuqala uyazi, ukuvakatshelwa sokwedlule, futhi nanko lapho.

³⁷ Kodwa njengoba Wathi, “Akula muntu ongabuya Kimi ngaphandle uBaba Wami amdonse kuqala. Konke uBaba Angiphe khona kuzakuza Kimi.” Ameni. O, yikho lokho okusenza...

³⁸ Manje, sithanda ukukhuluma ebantwini lapho esingabenza bazwe kuhle sibili. Kodwa into enkulu yokwenza, nxa kule—kulentlo ephambanisekileyo, asikhupheni lokho endleleni kuqala. Kasingenisi into phansi esisekelweni. Bona?

³⁹ Umfo wathi kimi kungasikude, umtshumayeli owaziwayo kahle, omunye wabakhulu emhlabeni, wathi, “Mfowethu Branham, wenza iphutha elikhulu kakhulu.”

Ngathi, “Ungixolele, mfowethu, ngitshela lapho elikhona.”

⁴⁰ Wathi, “Uquma abantu kalukhuni sibili,” wathi, “unjalo, njengokuthi, u—uhlezi ukhalimela a—abafazi ngendlela abagqoka ngayo, futhi uhlezi utshaya lokhu lalokho.” Wathi, “Kungcono ukutshiye lokho. Uzawona inkonzo yakho.”

41 Ngathi, “Loba yisiphi isikhathi iLizwi likaNkulunkulu elona inkonzo yami, Nkulunkulu, uyone ngokuphangisa, ngoba ngi—ngifuna yoniwe.” Lokho—lokho kunjalo. Ngifuna ukupha into eqondileyo. ILizwi likaNkulunkulu liyakufundisa lokho.

42 Futhi ngithi, “Nkulunkulu siphe isibindi, lamadoda azamela iqiniso, kungenani lokubuyayo kumbe okuhambayo.” Yikho lokho esikudingayo. IVangeli kayisilo lomuntu oyisitabane; iVangeli ngelamadoda, amadoda abizwe nguNkulunkulu.

43 Awahluleli umuntu ngokuthi izandla zakhe zinkulu okunganani, lokuthi abanzi okunganani amahlombe akhe. Ngiyabezwa besithi, “O, akasuye muntu.” Ngibone amadoda asinda amaphawundi angamakhulu amabili, bengela lesisindo esisodwa sokuba yindoda kuye. Kunjalo. Awulinganisi umuntu ngobukhulu bakhe. Lobo yibunyamazana. Umlinganisa ngesimilo sakhe. Akukaze kube loMuntu olesimilo esikhulu kuloJesu Khristu.

44 Umzimba omkhulu, imbongolo ikhuluphele ukwedlula umuntu, ngakho wawungeke, kumbe indlovu, ngakho, wena . . . lobo buyibunyamazana. Kodwa umuntu akusibukhulu bomsipha alawo. Angimlinganisi ngalokho, kodwa ngokuthi zinganani izikhwama ezisemadolweni ebhulugwe lakhe, lapho abekade ekhuleka khona. Yiyo indoda ezakulinganiswa: isimilo.

45 UJesu wayeyiNdoda encinyane, uMfo omncinyane, mhlawumbe olamahlombe akhothemeyo. Eleminyaka engamatshumi amathathu ubudala, Wakhangeleka elamatshumi amahlanu, iBhayibhili latsho. Kodwa akukaze kube lomuntu emhlabeni onjeNgaye, futhi akusoze kube khona. Wa—Wa . . . iBhayibhili lathi, “Kwakungela kubukeka Kuye ukuthi—ukuthi siMfise. Lapho siMbona safihla, njengoba kwakunjalo ubuso bethu Kuye,” lakho konke njengalokho.

46 Kodwa lokho, kwathokozisa uNkulunkulu uku—ukuMtshaya. Futhi Watshaywa, utshayiwe, futhi uhlutshiwe. Wathwala iziphambeko zethu, wachotshozwa ngenxa yobubi bethu, futhi ngamanxeba Akhe sasiliswa. O, kufanele kube kukhanga ebantwini. Sibili kufanele kube njalo. Kufanele kuyaluze inhliziyu.

47 Kodwa uyazi luyini uhluho? Sisuse umhlangano womkhuleko wangoLwesithathu ebusuku, futhi safaka uhlelo lwethelevisini lolo oluhlalisa abantu bonke bethokozisiwe. “Futhi lapho inhliziyu ekhona, kulapho impahla eziligugu ezikhona, kulapho inhliziyu ekhona njalo.” Futhi lokho okwenza abantu bafune ukuya ezintweni zomhlaba? Awu, ngi . . . Uyazi, isizatho usenza lokho? Yikuba . . . Isizatho abantu besenza lokho? Kuyini okwenza umuntu afune ukudakwa? Kuyini okwenza abantu bafune ukwenza ngendlela abenza ngayo? Umhlaba. Kuyini umuntu angakuhlalela ngekhhaya ngoLwesithathu

ebusuku emhlanganweni womkhuleko, ukubukela uhlelo lwethelevishini oluthile, kuyini abakwenzela khona?

⁴⁸ Kungenxa yokuthi kulento phakathi kwabo efisa ukusuthiswa. Bafuna... Kulendawo encinyane enhliziyweni yendoda kumbe umfazi, futhi uNkulunkulu Wazenzela leyondawo. Ungazama kanjani ukuthatha izinto zomhlaba futhi uzibeke phakathi lapho lapho uNkulunkulu azenZele ukuhlala lapho.

⁴⁹ UNkulunkulu yinjabulo yethu. UNkulunkulu yintokozi yethu. UNkulunkulu yikusuthiseka kwethu. Yikho lapho okungokwangakhona, phakathi *lapha*; vumela uNkulunkulu angene, futhi-ke ezinye izinto zifile kangako, awulandaba lalutho mayelana ngazo futhi.

⁵⁰ O, abantu ngabenkolo sibili, bahlezi benjalo. Njengoba ngatshumayela ngobunye ubusuku khonale, imvuselelo ihlezi iletha amaphahla, njengo Esawu loJakhobe: amadoda omhlaba, lendoda efisa ubuzibulo. Bona? Kuhlezi, kukhona yonke imvuselelo eletha lokho.

⁵¹ Lolu suku lokucina, imvuselelo yenze into efanayo. Kuliqiniso. Ngakho asimeni ohlangothini lukaJakhobe, lowo oyakudla ilifa, lowo oya elizweni lesithembiso. Futhi asingeke sisuthiseke nje ngokuhamba ebandleni lokufaka ibizo lethu ebhukwini. Nxa singakwenza, kulento engalunganga. Asiqhubekeni sikhwela phezulu laphezulu, size sifike kulelo lizwe lesithembiso.

⁵² Ngitshumayela ngolunye usuku emhlanganweni omkhulu waMadoda esiKhristu angosomaBhizimusi ePhoenix, Arizona, lapho e—endlini yokugidela, Ngathi, “UIsrayeli kukancane wayengacabanga, lapho bememeza njalo bedansa eMoyeni, futhi uMiryamu lethamborini emva sebechaphe uLwandle loKufa, futhi babona abancindezeli befile ngemuva kwabo, kukancinyane bacabanga ukuthi babe kude okweminyaka engamatshumi amane lelizwe lesithembiso.” Babangelakukukholwa lokho. Babengaba lensuku ezine ukufika.

⁵³ Kodwa kwakumele babe le, uyazi, kwakumele benyukele kuEksodusi 19 futhi benza iphutha labo elikhulu abake balenza: kwakumele benyuke futhi bathathe umthetho, ukuze baphikisane futhi bahlele, futhi bazibuthanise ndawonye.

⁵⁴ Umusa wawubanike umprofethi. Umusa wawubanike iwundlu. Umusa wawubanike lezo zimangaliso. Umusa wawubanike yona imvuselelo enkulu kakhulu abake baba layo. Umusa wawunike zonke izinto lezi, futhi kanti bafisa umthetho.

⁵⁵ Yikho kanye lapho obaba bethu abama khona ePhentekhosti phose iminyaka engamatshumi amane edluleyo. Umusa wawunikile. Babengqondonye bonke. Wonke... IPhentekhosti yayiyiPhentekhosti. Kodwa babengela kusuthiseka, lokho.

Benza okubahlelela uhlobo oluthiwa Assemblies of God. Hatshi, benza okokubatholela olunye: iChurch of God, iFoursquare, iOneness, iTwone, iThreeness, iFourness. Futhi belihlezi khona lapho okweminyaka engamatshumi amane. Nkulunkulu woba lesihawu. Sifuna i . . .

⁵⁶ Awu, bahlala khona lapho kwaze kwathi bonke abantu ababelohlobo olunjalo lwengqondo bafa. Khona-ke ngolunye usuku, uJoshuwa wavuka, wabeka ingalo zakhe kubo bonke, futhi uNkulunkulu wathi, “Libe kulintaba okwesikhathi eside. Manje, asiyeni enyakatho, sizachapha, sithathe isithembiso.”

⁵⁷ UNkulunkulu engathatha amaBaptisti, kumbe amaMethodisti, kumbe lobayini Akufunayo. Kodwa omunye umuntu uyaphetsheya. Kunjalo. Futhi ingqe silenhlobo yemibono yethu futhi sihlale ngalapho ukuthi thina si . . . O, lizahlala khona lapho. Lokho yikho kanye.

⁵⁸ O, masiphakame. Kasiphumeni kukho. Mina-bo, zinyikinyeni futhi linanzelele ukuthi uNkulunkulu lokhu enguNkulunkulu, Unguye, kufanele ahlale enjalo, nxa WayenguNkulunkulu, Lokhe nguNkulunkulu. Akaguqukeli ezindleleni zethu. Kufanele thina, siguqule indlela zethu ezindleleni Zakhe. O, bengingafuni ngitsho ukukukhuluma lokho. Nje ngi . . .

Ngi-ngizabala uMbhala manje. Kulungile. UJohane oNgcwele 12:20. Ngizakubala nje indima lapha.

Futhi kwakukhona amaGriki phakathi kwalabo ababenyukele e . . . mkhosini . . . ukukhonza:

Wona-ke eza kuFiliphu, waseBhethisayida yaseGalili, . . . bemcela yena, besithi, Bomnumzana, sithanda ukubona uJesu.

Manje, vulani kumaHebheru 13:8.

UJesu Khristu unguye izolo, . . . lamuhla, lanininini.

Bangaki abakukholwayo lokho ngokuqiniseka ngenhliziyo yakho yonke?

Manje, kusasa ebusuku sizakuya ezinkonzweni zokuvangela. Lobubusuku sizakuya . . . sibunikela usiliso lwaPhezulu.

⁵⁹ Manje, kulento eyodwa ukukhuluma noma ngani, futhi-ke kulenye into eyokwenza lokho esikhulume ngakho kubeliqiniso. Futhi konke kuyiLizwi likaNkulunkulu, futhi into kuphela elikufunayo lukholo ukwenza loba yisiphi isithembiso saPhezulu senzakale. Kunjalo. Nxa uNkulunkulu wenza isithembiso, khona-ke uNkulunkulu ubotshelwe esithembisweni Sakhe.

⁶⁰ Manje, ngifuna nje linginike isikhathi senu esingehlukaniswanga okwemizuzu emilutshwana. Nxa lingangipha imizuzu engaba ngamatshumi amathathu,

futhi-ke sizakubiza umzila womkhuleko, futhi okwemizuzu emilutshwana, singahamba ngekhaya.

⁶¹ Manje, into yokuqala yikuthi: Liyakholwa ukuthi uJesu Khristu unguye izolo, lamuhla, lanininini? Liyakukholwa lokho, ngokuqinisekileyo? Ngabe Eyisimiso esifanayo? Amandla afanayo? a—amandla afanayo Ake waba lawo? isihawu esifanayo? Nxa Wayelapha, lokho Ayikho lamuhla, ngabe Engenza njengalokho Akwenzayo ngesikhathi Esaselapha ngaphambili?

⁶² Kumbe, licabanga ukuthi emva kweminyaka ezinkulungwane ezimbili Usehlakani phe kancinyane, ukukhalipha kancinyane, uyazi ukwenza ibandla lahluke? Futhi kungazathi Angaxolisa kulokho Akwenzayo e—ebandleni lePentekhosti kuqala, khona UyaZenzela nje ibandla lePhentekhostali elahlukileyo okwesikhathi sokucina? Kungaba ngumqondo Wakhe lowo na?

⁶³ Hatshi nxa Wayengofanayo. Wayezakuba lemiqondo efanayo. Futhi Waye nguNkulunkulu, ngakho Angeke aguquke. “UNkulunkulu wayekuKhristu ebuyisana lomhlaba Kuye.” Ngakho Uzakuba lemiqondo efanayo, lezimiso ezifanayo, amandla afanayo, leBandla elifanayo. Ungofanayo izolo, lamuhla, lanininini.

⁶⁴ Manje, ngolunye usuku kwakulabantu ababengakaze baMbone, badiyazela emhlanganweni, kumbe, ukwenyuka ukukhonza ePhentekhosti. Babezwe Ngaye. Ngakho beza kwenye yenceku Zakhe futhi bathi, “Mnumzana, sithanda ukubona uJesu.” Futhi ngokubuza linceku, linceku yabalethela uJesu.

⁶⁵ Manje, nxa Engofanayo izolo, lamuhla, lanininini, futhi uphakamisele phezulu izandla zakho ukuthi ungathanda ukuMbona, khona-ke kungani singaMboni? Yiwo umbuzo. Asingeke siMbone na? Nxa Engofanayo, khona-ke kungani singaMboni?

⁶⁶ Uphakamise isandla sakho njengalawo maGriki. Ungathanda ukuMbona. Ngiyaphakamisa isandla sami. Ngithanda ukuMbona. Futhi Wathembisa ukuthi Uzakuba lathi futhi akasoze asitshiye. “Ngilani kokuphela, kuze kube sekucineni kokubhujiswa.” Uhlezi elapha, ofanayo izolo, lamuhla, lanininini. Khona-ke yini uhlupho? Kungani singaMboni?

⁶⁷ Manje, nxa Engabuya phakathi kwethu lobubusuku... Manje, nxa ungowemzini ungangakuzwisisi lokhu, kodwa ngifuna ukuthi udonsele izimbozo zemaceleni phansi, futhi uhlale uthule oko—okomhlangano wonke, futhi ulalelisise kulawa Mazwi, izithembiso engizakulibalela zona, ezilotshwe phakathi lapha ku...ephepheni leli, ezivela eBhayibhilini. Futhi ngi—ngifuna ukulibalela ezinye izithembiso futhi

sifumane loba Ulokhe phila kumbe hatshi, ukubona uba inkolo yethu yesiKhristu iyinkolo yeqiniso, futhi nxa ukucabanga kwethu kwesiPhentekhosti ngakho kuliqiniso, kumbe loba kuphambukile.

⁶⁸ Loba, ngiyakholwa kuwo, manje, loba lasemaphutheni ayo wonke, ngilokhu ngiyikhetha ukuba libandla, manje, hatshi ngenxa yokuthi bangamaPhentekhosti. IPhentekhosti kayisiyo nhlanganiso. Manje, lina maBaptisti lamaMethodisti likukhumbule lokho, maKatolika lamaPresbyterian, alingeke lihlele uNkulunkulu. Awungeke uhlele Nkulunkulu. IPhentekhosti yisehlakalo amaMethodisti, Baptisti, Presbyterian, Katolika, labo *bonke* abasemukelayo.

⁶⁹ Manje, ngihlezi ngisithi, “Nxa umuntu engumKatolika, futhi ethembele ebandleni leKatolika ukusindiswa, ulahlekile. Futhi nxa engumBaptisti futhi ethembele ebandleni leBaptisti ukusindiswa, ulahlekile. Nxa engumPhentekhosti futhi ethembele ebandleni lePhentekhosti ukusindiswa, ulahlekile.

⁷⁰ Kodwa nxa engumKatolika futhi ethembele kuJesu Khristu, usindisiwe ngokholo, ukholo lwakhe uqobo. Nxa engumBaptisti, kumbe umPhentekhosti, futhi ekhangele kuJesu Khristu ukusindiswa, ngoba kungo kholo usindisiwe, lalokho ngomusa kaNkulunkulu, kuqondile lokho, ukholo olungolwakho kuJesu Khristu yilokho okukusindisayo.

⁷¹ Manje, nxa leli kuliBhuku Lakhe . . . ngaba lengxoxiswano kungasikude lompristi weKatolika. Weza endlini yami ukubuza ngokuthi ngabe ngabhaphathiza inkazana ethile leyo . . . lapho esaseyingane, kumbe, inkazana encinyane eyayileminyaka phose elitshumi lanhlanu ubudala, watshada kakutsha, futhi watshada kakutsha lomKatolika. Futhi wa . . . wayemele ambhaphathize kakutsha. Ubhishopi wangibuza imibuzo. Futhi wangibuza nxa ngangimbhaphathizile, futhi ngamtshela, “Ubhaphathizo lwesiKhristu ngokucwilisa.”

Futhi wathi, “Ibandla leKatolika lalivame ukukwenza lokho.”

Ngathi, “Nini?”

Ngakho wabuyela emuva futhi wathi, “Ensukwini zeBhayibhili.”

Ngathi, “Khona-ke uyatsho ukuthi i—iBhayibhili li . . . Ibandla leKatolika labhala iBhayibhili?”

⁷² Wathi, “UJesu Khristu wahlela ibandla leKatolika futhi wabeka uPhetro inhloko yalo labapostoli abalitshumi lambili; futhi lelo kwakulibandla leKatolika lakuqala.”

⁷³ Ngathi, “Khona-ke nxa lingehluleki, futhi lingaguquki, kungani kwaba lezinguquko ezinengi kangako ezenzakalayo? Kungani, lilabafazi abazinkulungwane ezilitshumi phandle lapha elikhuleka kibo, abantu abafileyo. Futhi kuloMlamuli

oyedwa kuphela, latsho iBhayibhili, phakathi kukaNkulunkulu lomuntu, futhi leyo yiNdoda, uKhristu Jesu, akula oMariya, kumbe enye into. Bona?” Ngathi, “Ngani?”

Wathi, “Awu, uyabona, Mnu. Branham, kasifanelanga ukuba siphikise iLizwi.”

⁷⁴ Ngathi, “Angiphikisani leLizwi. Ngiyakubuza nje.” Ngathi, “Ngila *AmaBhabhiloni Amabili* kaHislop. Ngilezimbali zasemandulo engingazithola. Nansi *Obaba beNicene*, iKhansili yeNicene, iPre Khansili yeNicene, lakho konke, khona lapha endaweni yami yokutaditshela. Ngitshengisa loba ngaphi okwakulebandla leKatolika kuze kube ku305. Ngitshengisa lapho elalikhona.”

Yena—yena wathi, “Ucaphuna imbali.”

⁷⁵ Ngathi, “Ngikwazi njani ukuthi kwakulo George Washington lapha, kuphela ngembali? Ngitshengise enye into eyahlukileyo.” Bona? Futhi ngathi. Lokho yikho kanye. UNkulunkulu kakaze ahlele ibandla, futhi akukaze kube licebo likaNkulunkulu ukukwenza. Umama wamabandla ezinhlanganiso yiKatolika, futhi amanye wonke avela kulezo zinhlanganiso ezifanayo ngokutsho kukaSambulo 17. Lokho yikho kanye. Bebulala ubudlelwano. . .

⁷⁶ Sonke simunye. IPhentekhosti ngeyamaMethodisti, Baptisti, Katolika, Presbyterian, “Loba ngubani ofunayo, makabuye, anathe emithonjeni yamanzi okuPhila ngesihle.” Kunjalo. Manje, nxa uJesu engu. . .

⁷⁷ Manje, kangikhulumi ngilwisa lezinhlanganiso, kodwa lapho udweba uthango oluncinyane ugombolozele. . . Njengento encinyane engayibonayo kwesinye isikhathi, inkawu encinyane ihlezi phezulu esihlahleni. Futhi wathi, yakhangela phezulu kwezinye inkawu ezincinyane, yathi, “Uyakwazi bayasitshela ukuthi. . . besitshela, kumbe, bathi phansi ngale ukuthi—ukuthi bavela kithi.” Wathi wayengelakukukholwa lokho.

⁷⁸ Wathi, “Ngangingafaka uthango phezulu esihlahleni sami lapha ukuze omunye wami wamamonku angenelisi ukuzothatha futhi athathe ikhokhonathi lapho elifuna? Ngingatsho yini ukuthi yimi ngedwa inkawu ekhona ezi—ezihlahleni?” Awu, wathi, “Nxa kufanele, khona-ke usendo lwenkawu luwile.” Lokho, awu, lokho kuphose kuqonde njalo. Yebo.

⁷⁹ Lapho sizama ukufakela okunye uthango. . . UNkulunkulu kakufakeli thango. Uyephulela phansi uthango, adilizele phansi umduli waphakathi wokwehlukhanisa futhi, sonke simunye kuKhristu Jesu. UMoya oNgewele ungowethu sonke, ukuthi sonke singabona inkazimulo kaNkulunkulu.

⁸⁰ Kuyo yonke imihlangano yami angikaze ngiMbone esithi, “Awu, lumfo ngumPresbyterian, ngakho angeke asile. Futhi lo ngumBaptisti, ngakho angeke asile.” Akasilisi bantu ngaleyo

ndlela. Kuphezu kokholo lwabo futhi hatshi inhlanganiso yesonto yabo. Kunjalo.

Manje, nxa Engofanayo izolo, lamuhla, lanininini . . . Ibandla leKatolika lingathi, “Sibili, sikholwa lokho. Sikholwa lokho ebandleni lethu.”

AmaBaptisti ayengathi, “Sikholwa lokho ebandleni lethu.”

AmaKatolika athi, “Siyakukholwa” kulelo bandla.

⁸¹ Manje, nxa ngangisekela linkulumo phezu kwamaBaptisti, ibandla engivela kilo . . . Nxa ngangizakusekela phezu kwePhentekhosti, kumbe nxa ngangizakusekela phezu kwaloba yiphi inhlanganiso zePhentekhosti, Ngingaba ngcono ngime nje lami. Yikho kuphela.

⁸² Kodwa kulento eyodwa kuphela yokwenza. Kumele kube lento eqondileyo lento embi. Yilo kanye iqiniso. Kawungeke uthole okubi lokuqondileyo ngasikhathi sinye. Sile dola lesiphamaso ngoba lenziwa kusuka kudola leqiniso.

Manje, kuyini—kuyini umahluko? Singabakwazi njani khona-ke? Ibandla leKatolika lithi, “Siyinhlanganiso endala kakhulu.”

IPhentekhosti yathi, “Ngani, saqalisa emuva-le kungakabi lenhlanganiso.”

Kulungile, sizakuhamba nje kukho konke *lokhu*.

AmaBaptisti athi, “Saqala kuJohane. WayengumBaptisti wokuqala, loJesu engakabuyi enkundleni.”

Awu, lalingaba lenhlobo yonke yokuphikisana. Kodwa kasikwehliseni phansi futhi sifumanise.

⁸³ Manje, aluba singahamba phansi edolobheni ukuyadinga uJesu, ukuthi Ungofanayo? Sasizabona indoda isiza ilerogwe njengaleyo Ayeyigqoka, futhi lu—lumcabango wakho wengqondo ukuthi Wayelenwele ezinde. Kasila mbali yalokho, ukuthi Wake waba lenwele ezinde. Kasikwazi.

⁸⁴ Kodwa sithi ukuthi sa—sabona indoda eyayikhangeleka njengomfanekiso womdwebi owadweba uJesu, futhi wayelamanxeba ezandleni zakhe, amanxeba enyaweni zakhe, futhi—futhi amanxeba ameva, lokunjalo, futhi wakhangeleka njengokuthi, mhlawumbe, umfanekiso kaHofmann Ngaye, wawuli *Khanda Lamatshumi Amathathu Lantathu*, kumbe mhlawumbe omunye womunye, njengo phefumulelweyo, kumbe—kumbe omunye umfanekiso, lowo uzabe ulokhu ungesuye uJesu ngoba ngizalitshela ukuthi kungani: Ngoba akula muntu ozabona uJesu emhlabeni emzimbeni wenyama kuze kuthi kuqala Aye enkazimulweni; ngoba sizahlwithwa ukuhlangana Laye emoyeni. Kulungile.

O, Wathi ensukwini zokucina, kuzakuba khona oKhristu bamanga, lakho konke kusithi, “Khangelani, Usenkangala; endlini yensitha; lingakukholwa.”

⁸⁵ Kodwa Ulapha esimweni sikaMoya oNgcwele, futhi uMoya owawukuKhristu uzakwenza izinto ezifanayo Azenzayo, ngoba yiMpilo efanayo. Nxa ungafaka impilo eyo—eyomvini emvinini womkhukhamba, izathela amavini. Nxa ungafaka impilo yesihlahla sompintshisi kweso—kwesomsikhamo, sizathela amampintshisi. Bona? Khona kanye. Ngoba kuyimpilo ephakathi kwakho, iyathela.

Futhi iMpilo eseBandleni likaJesu Khristu izathwala imisebenzi lamanxeba kaJesu Khristu.

Futhi iBandla ngumuntu ngamunye. UNkulunkulu usebenza loSrayeli njengesizwe, kodwa abeZizwe njengomuntu ngamunye. Manje, liyakubamba, liyakwenza? Bona? Umuntu ngamunye. . .

Isizwe—isizwe sizasindiswa lapho uSrayeli esiza. Sizakuzalwa ngobusuku obubodwa lapho uSrayeli ezakuza kuNkulunkulu ngasikhathi sinye.

Kodwa-ke, lapho abeZizwe, kungumuntu ngamunye. Abantu Abathethe kwabeZizwe ngenxa yeBizo Lakhe, esenza uMlobokazi Wakhe.

⁸⁶ Manje, kuyini esingakwenza-ke lobubusuku nxa sasifuna ukufumana ukuthi libandla lika bani Akilo? Nxa bengifuna ukubona nxa Esebandleni lePentekhosti, nxa bengifuna ukubona Usebandleni leBaptisti, kumbe ibandla leKatolika (inhlanganiso endala kulazo zonke), kumbe yiphi engangiza. . .? AmaLutheran, alandela amaKatolika, futhi uWesley eyalandela, futhi kusiya kusehla njengalokho. Nxa ngingahamba, ngiwakhangele wona amabandla, kuyini engangindakudinga? Umuntu ongafanana Laye? Hatshi. Kungaba lamadoda amanengi akhangeleka njeNgaye, khona kanye nje. Kuyini engangingakudinga?

⁸⁷ Khona-ke ngangingadinga indoda eyayileMpilo phakathi kwayo. Ngangingadinga iBandla elaliloMoya phakathi kwabo njengoMoya Wakhe. Bona? Ngangingakhangelela ukubona imisebenzi Yakhe. Wathi, “Lowo okholwa Kimi (Johane oNgcwele 14:12), Lowo okholwa Kimi, imisebenzi eNgiyenzayo laye uzayenza.” Kunjalo na? Khona-ke thina. . . Wathi, “Lowo okholwa Kimi, imisebenzi Engiyenzayo laye uzayenza.”

⁸⁸ Manje, uyathola ekutolikweni lapho, kwathi, “Emikhulu kulaleyi uzayenza, uza. . .” kodwa i, ngempela, ukutolikelwa okuqondileyo kikho yikuthi. . . Ngile *Emphatic Diaglott*, futhi ithi, “Lowo okholwa Kimi, imisebenzi eNgiyenzayo laye uzayenza, *leminengi* kulale uzayenza,” hatshi emikhulu, ngoba babengeke benze emikhulu. Wavusa abafileyo, wasilisa abagulayo, wamisa imvelo. Akula lutho olwalungaba

lukhulu. Kodwa ku—hatshi ngekhwalithi, kodwa *ngobunengi* Wayengabamkhulu.

⁸⁹ Ngoba khona-ke Yena...uNkulunkulu wayeseNdodeni eyodwa, uKhristu Jesu; Kuye kwahlala ukugcwala konke kobuNkulunkulu ngokomzimba. Manje, lapho leyo Nsika yoMlilo isehla phansi ePhentekhosti, liyananzelela, iNdimi zoMlilo zahlala phezu komunye lamunye wabo. Bengakaqalisi ukukhuluma ngendimi, kwakuleNdimi zoMlilo. Lowo kwakunguNkulunkulu eZehlukanisa eNsikeni yoMlilo elungeni ngalinye leBandla Lakhe. UNkulunkulu eZehlukanisa ukuze abe ndawo yonke jikelele yonke indawo endaweni zonke ngasikhathi sinye.

⁹⁰ Khona manje imihlangano yokusilisa iyenzakala eAfrica. Iziqhuge ziyahamba, iziphofu zibona, yonke indawo emhlabeni, iBandla lomhlaba wonke jikelele leNkosi uJesu Khristu emuntwini ngamunye, amadoda aphila futhi eMkhonza. UNkulunkulu waZehlukanisa futhi waZibeka phakathi.

⁹¹ “Ngalolo suku lizakubakwazi ukuthi ngikuBaba, loBaba uKimi, Mina ngikini lani liKimi.” Bona? Bona? “Ngizakuba... Okwesikhatshana futhi lomhlaba (ikosmos lapho, uhlelo lomhlaba), awusayi kungiBona futhi. Kukanti lina, iBandla, lizangiBona, ngoba Ngi, uNgi uyi ‘sabizwana somuntu,’ Ngizakuba lani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni komhlaba.” Kunjalo. “Ngi, Ngizakuba lani...” Bona, iBandla lomhlaba wonke jikelele leNkosi uJesu Khristu. “Ngizakuba lani. Imisebenzi eNgiyenzayo lizayenza lani.”

⁹² Manje, kasicabangeni nje okomzuzu manje lokho Akwenzayo leso sikhathi. Asiboneni luhlobo bani lwemisebenzi Alwenzayo, lokuthi WaZenza kanjani ukuthi Azakale. Manje, sithatha, okomzekeliso, Wayebizwa ngokuthi uMesiya. Futhi uMesiya kutsho, “Lowo Ogcotshiweyo,” uKhristu. Wayethenjisiwe kusukela esivandeni saseEdeni, emuva kuGenesisi.

⁹³ Manje, siyabuyela nje emuva futhi sifumane. Manje si—siyabala lobubusuku kuJohane oNgcwele 12. Asibuyeleni emuva kuJohane oNgcwele 1, futhi-ke sizafumana lokho Ayeyikho. Futhi nxa singafumana lokho Ayeyikho, lokuthi Wayengowe bandla liphiliphi, yinhlanganiso bani Ayesiya kiyiyo, khona-ke nxa kuyinhlanganiso yethu singasuthiseka ngayo.

⁹⁴ Futhi sizafumana lokho Ayeyikho, lalokho Ayeyikho lesosikhathi, lalokho Akwenzayo lesosikhathi, Kumele abe yinto efanayo, futhi enze into efanayo lamuhla, ngoba Wathi Uzakwenza. Lokho kungasuthisa ibandla? Awu manje, masibuyeleni emuva futhi sifumane.

⁹⁵ Manje, ngizacaphuna, futhi libale. Lapho—lapho lisiya ngekhaya, thathani izahluko lezi njengoba ngikhombela kizo lapha. Futhi-ke, lapho sisiba...besizakuba lenkonzo yosiliso

eqhubekela phambili, siyaqhubeka nje sidinda kusukela kuGenesisi kusiya kuSambulo ukutshengisa ukuthi leli liqiniso.

⁹⁶ Manje, ungaba lemiqondo yakho yonke ilungisiwe (babenjalo labaFarisi) okwalokho uMesiya ayezakwenza lapho Esiza. Kodwa Weza ngokwahlukileyo kancinyane. Kukanti Wabuya khona kanye ngalokho iMibhalo eyakutshoyo, indlela Yena . . . ba . . . iMibhalo yatsho ukuthi Uzabuya. Manje, kasiMnanzeleleni okomzuzu nje.

⁹⁷ Siyathola, ngemva kokuzalwa Kwakhe, kusiya eminyakeni engamatshumi amathathu ubudala, umzaWakhe wesibili, uJohane, wayebhaphathiza enkanjala. Futhi uJesu wehla phansi futhi wabhaphathizwa, futhi amazulu avuleka, futhi wabona uMoya kaNkulunkulu usehla njenge juba. Futhi wahamba enkanjala futhi walingwa nge . . . insuku ezingamatshumi amane ngudeveli, waphenduka lenkonzo Yakhe.

⁹⁸ Futhi into yokuqala Aqala ukuyenza, siyathola lapha kuJohane 1, Waqala ukuhamba esilisa abantu abagulayo. Futhi-ke kwakulendoda obizo nguAndriya wayekholwe Kuye. Kasimthathe nje okwesikhatshana. Kasithatheni manje ukuthi WaZenza njani ukwaziwa njengoMesiya.

⁹⁹ Manje, khumbula ukuthi uNkulunkulu uhlezi enika izibonakaliso lezimangaliso. Bangaki abakukholwayo lokho? Manje, kuThestamente eliDala . . . Manje, lalelisisani. Nje bef . . . Akuyikuthatha isikhathi eside. Nxa singakwenza ubone uMbiko, wena . . . akuyi kuba lomuntu phakathi lapha esihlalweni samasondo. Akusoze kube lomuntu ogulayo kulesi sakhiwo ngemizuzu engamatshumi amane kusukela manje, nxa lingalalela futhi likukubambisise.

Manje, asikufakazeleni nje. Yikho lokho iBhayibhili elakutshoyo. “Fakaza izinto zonke.” Manje, nxa Wenza isithembiso, kumele Agcine isithembiso.

¹⁰⁰ Futhi uNkulunkulu, kuThestamente eliDala, nxa umprofethi eprofetha, kumbe umphuphi waphupha iphupho, indlela abathola ngayo ukuba lokho kwakuliqiniso kumbe hatshi, baya phansi kuUrimi Thumimi. Abafundisi lokunjalo bayazi ngalokho, isambatho sesifuba sikaAroni. Wayelamatshe alitshumi lambili amatshe okuzalwa abokhokho. Kwalenga phezu kwesigodo ethempelini. Futhi lapho umprofethi eqala ukuprofetha, kumbe umphuphi ekhuluma iphupho, kungelandaba lokuthi kuzwakala kuqotho okunganani, nxa kungazange kubaneke leyo ngxubengxube yokukhanya phakathi lapho, okukamoya kwakungasebenzi. Ngakho bawala umbiko.

¹⁰¹ Angila ndaba ukuthi kuzwakala kuhle okunganani, ukuthi kungenelana njani lesayensi yenkolo kaDkt. *Sibani-bani*, kumbe kungenelana okunganani le . . . *lelibandla kumbe leyo*

nhlanganiso, bayilahla ngoba okukamoya akuzange kusebenze. Amen.

¹⁰² Ngiyaqala ukuzizwa ngikholwa. Yebo, mnumzana. Lapho uNkulunkulu kamoya akhona, kuzakuba lezinto zikamoya ezenzakalayo. Awungeke nje uhlalele khatshana lakho. Kumele nje kube yileyondlela.

¹⁰³ Manje, nanzelela, manje, lapho lobo bupristi buphela, ubupristi bukaAroni, khona-ke leyo Urimi Thumimi yasuswa. Kodwa uNkulunkulu ulenye iUrimi Thumimi, okuyiLizwi Lakhe, iBhayibhili.

